**Publication:** Isolezwe
**Title:** UKUTHUTHUKISWA KWENGQALASIZINDA NEZOMNOTHO
**Publish date:** 28 February 2019
**Reach:** 78220
**AVE:** R 57503.4
**Author:** Unspecified

human settlements
& public works
Ministry:
Human Settlements and Public Works
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# UKUTHUTHUKISWA KWENGQALASIZINDA NEZOMNOTHO

## UKWETHULWA KWESIGABA SESINE SOHLELO LUKA-EPWP




Isigaba sesine sohlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP) sizokwethulwa emasontweni ambalwa azayo. Ngalolu hlelo kuhloswe ukuthi kudaleke amathuba omsebenzi angu-5.6 million ezweni lonke.
Esigabeni sesithathu, isifundazwe iKZN sidale amathuba omsebenzi angaphezu kuka-750 000 futhi yisona sifundazwe esiqwaqwade ezinye ngokusebenza.



Ukuthuthukiswa kwesibhedlela iPrince Mshiyeni



UMnyango wemiSebenzi yoMphakathi eKZN kubhekwe wona ukuthi uthuthukise ingqalasizinda kanjalo nezindlu. Ukuphuma kwemifundaze nokufakwa kwentsha embonini yezokusebenza isengamathwasa, sekusize abaningi ngamakhono kanjalo nangamava.

## UMGWAQO OMUSHA EMHLANGA



"Eminyakeni engaphezu kweyisihlanu edlule, senze umehluko omkhulu kwezithinta ingqalasizinda. Ingaphezu kuka-R1.3 trillion imali esitshaliwe ekwakhiweni kwezikole namanyuvesi amabili, ukwakhiwa kwenqwaba yemizi, ukufakwa kukagesi ezindlini eziningi nokwandisa isibalo kwezokuthuthwa komphakathi.
Lokhu kutshalwa kwemali kwingqalasizinda kuphinde kwasiza ekukhuleni komnotho wethu, kwadaleka namathuba amaningi omsebenzi embonini yezokwakha nakwezinye izimboni. Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yikona okuseqhulwini emnothweni wethu futhi sekuthele nezithelo ezinhle ezweni," kusho uMengameli Cyril Ramaphosa enkulumeni yakhe ebhekiswe esizweni.



Ubuholi besifundazwe buhlola isakhiwo seNkululeko Development Project

## I-WILDLANDS TRUST




Uhlelo lwe- Expanded Public Works Programme lusebenzisana nezinkampani eziphethwe nguhulumeni nezinhlangano ezingenzi nzuzo, ama-NGO, ukudala amathuba omsebenzi. Lolu hlelo lokusebenzisana ne-Wildlands Trust luthela izithelo ezinhle ngoba luzuzisa intsha ngamakhono ekunakekelweni kwemvelo.

**YISIKHATHI SOKUTSHALA UKUZE SIZOVUNA IZITHELO EZINHLE**

SEND ME
TO BUILD THE MZANSI I WANT

**IMISEBENZI IYABONAKALA #THUMAMINA**



**UMnuz Ravi Pillay**
UNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu nemiSebenzi yoMphakathi


www.meltwater.com/za | Cape Town: +27 21 838 5100 | Johannesburg: +27 11 028 2172 | Copyright © Meltwater News (Pty) Ltd.